Publication: Isolezwe (KZN)

Date: Thursday, March 30, 2023

Page: 9

Izixazululo zenkinga kagesi kosozimboni

BONISWA MOHALE

UNGOTI wezindaba zikagesi, uMnuz Chris Yelland, udonse ngendlebe osozimboni bakuleli ukuthi bayeke ukukhala ngokunqamuka kukagesi kodwa basebenzise izisombululo ezikhona njengamanje.

UYelland usho lokhu ngesikhathi ekhuluma kwisithangami ebesidingida inkinga kagesi esibizwa nge-Energy War Room: Smart Solutions to Help Navigate the Energy Crisis.

"Zikhona izisombululo zokubhekana nenkinga kagesi, akufanele silokhu sikhala kodwa kufanele sizisebenzise. Kunogesi welanga, womoya, wegesi nophehlwa ngamanzi. Yebo, kuyinkinga ukuphela kukagesi kodwa kufanele sibhekane nakho ukuze kusimame umnotho nabantu bakwazi ukuthola imisebenzi," kusho uYelland.

Uthe akakholwa ukuthi iNingizimu Afrika isengcupheni yokuba mnyama bhuqe njengoba i-Eskom inezigaba ezehlukene zokunqamula ugesi, okusho ukuthi isiyakwazi ukuyisebenza kangconywana inkinga yokuhamba kukagesi.

UMnuz Ben Snyman ongumqondisi wenkampani iTerra Firma Solutions, uthe bayakwazi ukusiza osozimboni abafuna ukusebenzisa ugesi welanga ngokubafakela ama-solar panels awobhazabhaza.

Uveze ukuthi nawo ayawadinga ama-battery ukuze uma kuhambe ugesi angaphazamiseki.

Uthe omasitende abaqashisa ngezakhiwo zabo ezimbonini, bayakwazi ukusebenzisa uphahla lwabo ukuthi kufakwe kulo ama-solar panels bese beqoqa irenti ngalokhu.

UMnuz Roger Hislop wenkampani iCBI: Energy, uthe konke bayazenzela, azikho izicucu abazithenga kwamanye amazwe ezisetshenziswa ekuphehleni ugesi ongayilimazi imvelo.

Ugqugquzele osozimboni ukuthi basebenzisane nabo ukuze bakwazi ukubalethela izisombululo zokubhekana nenkinga yokunqamuka kukagesi.

Uveze ukuthi uma osozimboni besebenzisa imikhiqizo yeCBI: Energy bazokwazi ukukhokhela ugesi abawusebenzisayo kuphela e-Eskom bese omunye kube yilowo abaziphehlela wona.

This material has been copied under a Dalro licence and is not for resale or retransmission.